# Isaziso esisemthethweni

**ISAZISO SOKUDLULISELWA KWENGXENYE YEBHIZINISI LOMSHUWALENSE WE-LION OF AFRICA LIFE ASSURANCE COMPANY LIMITED KUYA KU-EMERALD LIFE PROPRIETARY LIMITED NGOKWESIGABA 50 SOMTHETHO WOMSHUWALENSE**

Kuyinhloso yeLion of Africa Life Assurance Company Limited (inombolo yokubhalisa 1942/015587/06) ("**Lion Life**") ukudlulisela ingxenye yebhizinisi layo lomshuwalense ku-Emerald Life Proprietary Limited (inombolo yokubhalisa: 2016/534835/07) ("**Emerald Life**") ngokwesigaba 50 soMthetho Womshuwalense 18 ka-2017 ("**uMthetho**") ("**Ukudluliswa Okuhlongozwayo**").

Izinqubomgomo ezithintekayo Ukudliliswa Okuhlongozwayo zifaka:

1. Amaphesenti angu 100 yezinqubomgomo zomshuwalense womngcwabo ezibhalwe yi-Lion Life, futhi zisatshalaliswa futhi zilawulwe yi-Emerald Life, ngokwemigomo lapho amaphrimiyamu akhokhwa khona ngokudonswa, ngaphandle kokudonswa kwezibonelelo zomphakathi ngokwemigomo 29(1) yemithethonqubo eshicilelwe ngaphansi koMthetho Wosizo Lwezenhlalakahle, 2004; futhi

2. Amaphesenti angu 50 wezinqubomgomo zomshuwalense womngcwabo okuvunyelwene ngawo phakathi kweLion Life ne-Emerald Life izinqubomgomo ezibhalwe yi-Lion Life, futhi zisatshalaliswe futhi zilawulwe yi-Emerald Life, ngokwemigomo lapho amaphrimiyamu akhokhwa khona ngokudonswa kwezibonelelo zomphakathi ngokwemigomo 29(1) yemithethonqubo eshicilelwe ngaphansi koMthetho Wosizo Lwezenhlalakahle, 2004,

ngokwenhlanganisela yokubizwa "**Izinqubomgomo Zokudlulisa**"

Izinqubomgomo Zokudlulisa zizodluliselwa ku-Emerald Life ngokwesivumelwano sokudluliswa kwebhizinisi esiphothulwe phakathi kweLion Life ne-Emerald Life ("**Isivumelwano**").

Bonke abanikazi bezinqubomgomo bazothintwa yi-Emerald Life kanye / noma yi-Lion Life ngokusebenzisa ama-SMS. Uma unemibuzo mayelana nokudluliselwa okuhlongozwayo, sicela uxhumane:

- Isikhungo sezingcingo se-Emerald Life: 0861 666 333; noma
- Isikhungo sezingcingo seLion Life: 021 461 8233.

Ngenxa yokuthi Ukudluliswa Okuhlongozwayo kubandakanya ukudluliswa kwezinqubomgomo zokudlulisa kusuka ku-Lion Life kuya e-Emerald Life ngaphandle kwemvume yabanikazi bezinqubomgomo, inqubomgomo ebanzi yokulawula iyadingeka ngokwemigomo yoMthetho, okubandakanya, phakathi kokunye, ukuvunywa kokudluliselwa okuhlongozwayo yi-Prudential Authority.

Lapho i-Prudential Authority ivuma Ukudluliswa Okuhlongozwayo, i-Emerald Life izoba nesibopho sokwenza zonke izibopho ze-Lion Life eziphathelene nezinqubomgomo zokudlulisa.

Imininingwane yokudluliselwa okuhlongozwayo iqukethwe esivumelwaneni. Isivumelwano sixhomekeke kokugcwaliseka kwemibandela ethile, okubandakanya, phakathi kokunye, ukuthi i-Prudential Authority ivuma Ukudluliswa Okuhlongozwayo.

Amakhophi eSivumelwano kanye neminye imibhalo ephathelene nokudluliselwa okuhlongozwayo izotholakala kusukela mhla ziyi-27 kuNhlaba 2026 kuya ku-17 kuNtulikazi 2026 ngaphandle koMgqibelo, neSonto namaholide omphakathi ("**Isikhathi Sokuhlola**") kulezi ndawo:

- ihhovisi elikhulu leLion Life (16th Floor, iGolden Acre Adderley Street, Cape Town 8001); futhi
- kumagatsha wonke e-Emerald Life.

| **Igama legatsha** | **Ikheli** |
|---|---|
| Head Office | 86 Edward Street, Sterling Place, Bellville, 7530 |
| Bellville | 1st Floor Nobel Park Shopping Centre, c/o Du Toit & Old Paarl Road, Bellville, 7530 |
| Bloemfontein | No. 1 Arboretum Avenue, Westdene, Bloemfontein, 9301 |
| Butterworth | 24 Scanlen Street, Office No. 4, Butterworth, 4960 |
| Centurion | 63 Jean Ave, Doringkloof, Centurion, 0157 |
| Durban | 13 Brand Road, Suit 6, 2nd Floor, Glenwood, Durban, 4001 |
| East London | 57 Western Avenue, Unit A, Vincent, East |

| **Igama legatsha** | **Ikheli** |
|---|---|
| | London, 5247 |
| George | 142 Merriman Street, George, 6529 |
| Giyani | 193 Church Street, 16 Gimbo Complex, Giyani E, 0826 |
| Gqeberha | 180 Cape Road, Mill Park, Gqeberha, 6001 |
| Johannesburg | Shop 174, Maponya Mall, 2127 Chris Hani Road, Klipspruit Ext 5, Soweto, 1837 |
| Kimberley | No 2 Dalham Road Kimberley 8301 |
| Klerksdorp | 1st Floor, Jacobs Building, c/o Siddle & Boom Street, Klerksdorp 2571 |
| Kokstad | Shop 2, 74 Hope Street, Kokstad 4700 |
| Komani | 79 Livingstone Road, Top Town, Komani, 5319 |
| Kwanobuhle | Shop 42A Kwanobuhle Shopping Centre, c/o Mtanzima & Bereng Road, Kwanobuhle, Uitenhage, 6242 |
| Mahikeng | Suites 1,2,3, 69 Carington Street, Mahikeng, 2745 |
| Makhanda | 17 Spring Street, Makhanda, 6139 |
| Mbombela (Nelspruit) | Unit 3A, 21 Van Rensburg Street, Sonheuwel, Mbombela, 1201 |
| Mthatha | Unit 2, 26 Sprigg Street, Mthatha 5100 |
| Polokwane | Office 3, 98 Marshall Street, Polokwane, 0699 |
| Vredenburg | Unit B, 7 Velddrif Road Vredenburg 7380 |
| Worcester | 28 Porter Street, Worcester 6850 |

| Igama legatsha | Ikheli |
|---|---|
| | |

Noma yimuphi umuntu onentshisekelo kulolu daba, ngesikhathi sokuhlolwa, angahambisa izethulo zakhe ngokudliliselwa okuhlongozwayo kwi Prudential Authority noma uthumele nge-imeyili ku-Financial sector Conduct Authority. Izethulo kufanele zifinyelele ku-Prudential Authority noma uthumele nge-imeyili ku-Financial sector Conduct Authority kungakapheli umhlaka-17 kuNtulikazi 2026.

Sicela uqondise yonke imibuzo ku-Emerald Life nge-imeyili ku- info@emeraldlife.co.za kanye / noma Lion Life nge-imeyili ku- transfer@lionlife.co.za ngenye indlela ungaxhumana nezikhungo zocingo ezichazwe ngenhla.

Ngenye indlela, sicela uqondise imibuzo yakho ku-Prudential Authority nge-imeyili ku- SARB-PA@resbank.co.za noma uthumele nge-imeyili ku-Financial sector Conduct Authority ku- Section50@fsca.co.za.